
**NguMongameli uThomas S. Monson**



# Ukusheshisa Umsebenzi

Uyabona ukuthi iSonto elibuyisiwe lalineminyaka engu-98 ngaphambi kokuba libe nezikhonkwane ezingu-100? Kepha emuva kweminyaka engaphansi kwa-30, isonto selihlele izikhonkwane ezingu-100 zesibili. Futhi eminyakeni engu-8 kuphela emva kwalokho, iSonto selinezikhonkwane ezingaphezu kwa-300. Namhlanje, singaphezulu kwezikhonkwane ezingu-3000 ukuqina.

Yingani lokhu kukhula kwenzeke ngenani elikhuphukile? Yingoba saziwa kangcono? Yingoba sinezindlu zokukhonza ezinhle?

Lezizinto zibalulekile, kodwa isizathu sokuba isonto likhule namuhla ukuthi iNkosi yatshengisa ukuba kuzokwenzeka. KwiMfundiso neziVumelwano, Yathi, "Bhekani, Ngizakusheshisa umsebenzi wami ngesikhathi sawo." [1]

Thina, njengabantwana baBaba wethu waseZulwini ngokomoya, sathunyelwa emhlabeni ngalesi sikhathi ukuba sihlanganyele ekusheshiseni lomsebenzi omkhulu.

Inkosi ayikaze, ngokwazi kwami, itshengise ukuthi umsebenzi Wayo ugcina empilweni yasemhlabeni. Okungenani, umsebenzi Wayo wemukela ubuphakade. Ngikholwa ukuthi iyawusheshisa umsebenzi wayo ezweni lemimoya. Ngiyakholwa futhi ukuthi iNkosi, ngezinceku zayo lapho, ilungiselela imimoya eminingi ukuba yamukele ivangeli. Umsebenzi wethu ukuba sibheke abafileyo bethu bese siya ethempelini sibenzele izimiso ezingcwele ezizolethela labo abangapheseya kwesisitho amathuba afanayo nalawa esinawo thina.

Bonke abalungile abaNgcwele beziNsuku zokuGcina ezweni lemimoya bamatasatasa, kwasho uMongameli Brigham Young (1801–77). "Benzani lapho? Bayashumayela, bayashumayela sonke isikhathi, futhi balungiselela indlela ukuba nathi sisheshise umsebenzi wethu ekwakheni amathempeli lapha nakwezinye izindawo." [2]

Manje, umsebenzi womlando womndeni awukho lula. Nina eniphuma eScandinavia, ngizwelana nani ekukhathazekeni kwenu. Isibonelo, olayinini wesi-Swedishi wami, igama lomkhulu wami kwakunguNels Monson; igama likababa wakhe kawakungayena uMonson nhlobo kepha uMons Okeson. Igama likababa kaMons kwakungu-Oke Pederson, futhi igama likababa wakhe kwakunguPeter Monson—kubuyelwa emuva kuMonson futhi.

INkosi ilindele ukuba mina nawe senze umsebenzi womlando womndeni wethu kahle. Ngicabanga ukuthi into yokuqala okumele siyenze uma sizokwenza kahle umsebenzi wethu ukuba sibe nomoya kaBaba waseZulwini kithi. Ngesikhathi siphila ngokulunga esikwaziyo ukuba siphile ngakho, Uzovula indlela yokufezeka kwezibusiso esizibheka ngokuzimisela nokukhuthala.

Sizokwenza amaphutha, kepha akekho owethu ongaba umpetha emsebenzini womlando womndeni ngaphandle kokuqala abe imfundamakhwela. Ngakho-ke, kumele sigxumele phakathi kuwo lomsebenzi, futhi kumele silungiselele ukugibela okusantaba. Lona akuwona umsebenzi olula, kepha iNkosi iwubeke phezu kwakho, futhi iwubeke phezu kwami.

Ngenkathi ulandela umsebenzi womlando womndeni uzozithola ugijimela emigwaqeni evinjiwe, futhi uzozitshela ukuthi, "Akukho okunye engingakwenza." Ngesikhathi usufika kuleyo ndawo, iya phansi ngamadolo akho ucele iNkosi ukuba ivule indlela, futhi Izokuvulela indlela. Ngiyafakaza ukuthi loku yiqiniso.

UBaba waseZulwini Uyabathanda abantwana Bakhe abasezweni lemimoya ngendlela athanda mina nawe. Mayelana nomsebenzi wokusindisa abafileyo bethu, umProfethi uJoseph Smith wathi, "Futhi manje njengoba izinjongo ezinkulu zikaNkulunkulu zisheshisa ukufezeka kwazo, futhi nezinto ekukhulunywe ngazo ebaProfethini zifezeka, njengoba umbuso kaNkulunkulu wakhiwa emhlabeni, futhi nokwenziwa kwezinto kwakudala kubuyisiwe, iNkosi isitshengisile lomsebenzi nethuba elikhethekile."[3]

Mayelana namadlozi asedlulile ngaphandle kolwazi levangeli, uMongameli Joseph F. Smith (1838–1918) wathi, "Ngemizamo yethu esikhundleni sabo amaketango abo obugqili azowa kubo, futhi nobumnyama obubazungezile buzohlubeka kubo, ukuba ukukhanya bukhazimule kubo futhi bazozwa ezweni lemimoya ngomsebenzi owenzelwe bona ngabantwana babo lapha, futhi bazothokoza nawe ekwenzeni lemisebenzi."[4]

Khona izigidi phezu kwezigidi zabantwana bemimoya abakaBaba waseZulwini abangakaze bezwe igama likaKristu ngaphambi kokuba bashone futhi beye ezweni lemimoya. Kepha manje sebefundisiwe ivangeli futhi balinde usuku lapho mina nawe sizokwenza uphenyo oludingekayo ukuvula indlela ukuze sizoya endlini yeNkosi sibenzele umsebenzi bona abangakwazi ukuzenzela.

Bafowethu nodadewethu, ngiyafakaza ukuthi iNkosi izosibusisa ngesikhathi samukela futhi siphendula lenselelo.

### UKUFUNDISA OKUVELA KULOMLAYEZO

Cabanga indaba oyithandayo yasemlandweni womndeni wakho ubelane ngayo nalabo obavakashelayo. Ungafuna ukusebenzisa imibuzo esengxenyeni yezingane yoMlayezo wobuMongameli Bokuqala (ikhasi 6) ukugqugquzela labo obavakashelayo ukuba babelane ngezindaba zabo. Cabanga ukufunda iMfundiso neziVumelwano 128:15 futhi uxoxe ngokubaluleka ngokwenza izimiso zasethempelini esikhundleni samadlozi ethu.

**AMANOTHI**

1. Imfundiso neZivumelwano 88:73.
2. *Izifundiso zaboMongameli beBandla: uBrigham Young* (1997), 280.
3. *Izifundiso zabaProfethi beBandla: uJoseph Smith* (2007), 409.
4. *Izifundiso zabaProfethi beBandla: Joseph F. Smith* (1998), 247.

## INTSHA

## Ngingakuthokozela Ukuhlela Amagama?

**Ngu-Emma Abril Toledo Cisneros**

Ngahlanganyela enjongweni yesikhonkwane sethu yokuhlela amagama awu-5000. Ekuqaleni kwakunzima. Ezikhathini ezimbalwa isixuku engasithola kwi-intanethi sasinesandla esilukhuni, futhi ngezinye izikhathi ngangifuna ukusibuyisela ngithole esihlukile. Kodwa ngase ngabona ukuthi uma wonke umuntu wayecabanga kanjalo, lezo zixuku zazizoshiyelwa ekugcineni. Ngangicabanga olayini abaningi babantu abalindile ezweni lemimoya, futhi nganquma ukuqhubeka ngizame ukufunda lawo magama futhi ngiwabhale ngaphandle kokwenza iphutha.

Ngafunda ukuba nothando ngalabo bantu. Ngaqonda ukuthi bayaludinga ngempela usizo, futhi nathi sasidinga usizo kubo. Ngafika ekuqondeni kangcono ukuthi isu elilungile likaBaba waseZulwini licabangela wonke umuntu. Ngesikhathi silandela intshisekelo nemiyalo yabaholi Bakhe abakhethekile, sizothola ubufakazi bomusa Wakhe nothando olungapheliyo.

Ukuhlela amagama kube yisehlakalo esihle kimi. Ngifunde ukuhlonipha nokuthanda izinto eziningi ngomlando womndeni. Futhi ngathola izipho ezenani elikhulu eziphuma eNkosini ngokulalela into elula njengokuhlangenyela ekuhleleni amagama.

*Umbhali uhlala eVeracruz, eMexico*

# IZINGANE

## Yazi Izindabi Zakho

Abazali bakho kanye nogogo nomkhulu babe nezigqalabutho eziningi—ezinye awazi ngisho ngazo! Ezinye zezindaba zabo zizokwenza uhleke, futhi zingakusiza ubenokholo kuBaba waseZulwini. Kodwa ngisho nabadala banamahloni ngezinye izikhathi. Sebenzisa lemibuzo ukubasiza ukuba bakhumbule ezinye izindaba zabo abazithandayo futhi ubhale phansi noma udwebe izithombe zezimpendulo zabo.

1. Ngitshele ngokuthathu okukhumbulayo ngezikhathi zenjabulo zakho.
2. Yisiphi isikhathi leso owahlambalazeka khona kakhulu?
3. Ngitshela ngosuku engazalwa ngalo.
4. Wawuthanda ukwenzani ngesikhathi useyingane?
5. Wabuthola kanjani ubufakazi bakho bevangeli?

© 2014 by Intellectual Reserve, Inc. All rights reserved. Printed in USA.
Isingisi esivunyelwe: 6/14. Ukuhumusha okuvunyiwe: 6/14. Ukuhumushwa ko *First Presidency Message, June 2014*. Zulu. 10866 783

# Umsebenzi Ongcwele kaJesu Kristu: uMsebenzi

Ukholo • Umndeni • Inkululeko

*Ngomkhuleko funda lemibhalo futhi ufune ukwazi ngalokho ongabelana ngakho. Ukuzwisisa impilo kanye nomsebenzi woMsindisi kuzakhulisa kanjani ukholo lwakho Kuyena futhi kubusise kanjani labo obaqaphile ngokufundisa ngokuvakasha. Ukuthola ulwazi oluningi ngalokhu, iya kureliefsociety.lds.org.*

*Lena ingxenye yemilayezo elandelanayo yeMlayezo Yokufundisa Ngokuvakasha ephathelene nomsebenzi woMsindisi.*

Ngesikhathi sisebenzela abanye, siba ngabalandeli abaqotho baJesu Kristu, owasenzela isibonelo. UMongameli Thomas S. Monson wathi: Sizungeziwe yilabo abaswelayo. Yithi izandla zikaNkulunkulu lapha emhlabeni, esinethuba lokumsebenzela nokuphakamisa abantwana Bakhe.[1]

ULinda K. Burton, umongameli jikelele weNhlangano Yabesimame Yenkululeko, wafundisa: "Ngokuzijwayeza,thina sonke singafana kakhulu noMsindisi ngenkathi sisebenzela abantwana baNkulunkulu. Ukusisiza (sisebenzelane) kangcono, ngingathanda ukunikeza amagama amane okukhunjulwa: 'Okokuqala bheka, bese uyasebenza.' . . . Ngenkathi senza njalo, sigcina izivumelwano, futhi ukusebenza kwethu, njengoMongameli Monson, kuzoba ubufakazi bobufundi bethu."[2]

Singathandaza njalo ekuseni ukuba sibone amathuba okusebenzela abanye. UBaba waseZulwini Uzokweluleka, nezingelosi zizokusiza," kwasho uDavid L. Beck, umongameli jikelele wabesiLisa aBasha. "Uzonikezwa amandla okubusisa izimpilo nokusindisa imiphefumulo."[3]

### Kuvela Embhalweni Ongcwele

Matewu 20:25–28;
1 Nefi 11:27–28; 3 Nefi 28:18

### Kuvela Emlandweni Wethu

Enkomfeni kawonkewonke ya-Okthoba 1856, uMongameli Brigham Young (1801–77) wabika ukuthi amachobanswani ezinqola zezandla ayesawela amagceke nokuthi wonke umuntu kwakumele asize ekuqoqeni izimpahla okuzoba ezabo khona manjalo. ULucy Meserve Smith wabhala ukuthi abesimame "bakhumula amapitikoti abo [iziketi zangaphansi ezinkulu], amasokisi nakho konke ababenganikeza ngakho, khona lapho kwiTabernakele, futhi bakugibeza [kona] phakathi ezinqoleni."

Ngenkathi amachobanswani ayesindisiwe eqala ukufika eSalt Lake City, uLucy wabhala, "angikazi ngithole eningi . . . injabulo kunoma yimuphi umsebenzi engake ngawenza empilweni yami, imizwa yokuba munye yaziveza. Kwakumele ngiye esitolo nje qha ngazise izidingo zami, uma kwakuyindwangu, yayilinganiswa ngaphandle kokungikhokhisa."[4]

UMongameli George Albert Smith (1870–1951) wathi ngokusebenzela abanye: "Injabulo yethu yangunaphakade izolingana nendlela esizinikela ngayo ekusizeni abanye."[5]

### Cabanga Ngalokhu

**1.** Ukuthandaza kungasiholela kanjani ekubeni amathuluzi ezandleni zeNkosi?

**2.** Ukusebenzela abanye kungasisiza kanjani ekugcineni izivumelwano zethu?

**AMANOTHI**

1. uThomas S. Monson, "Ngimenzeleni Omunye Umuntu Namuhla?" *Liahona,* Nov. 2009, 86.
2. uLinda K. Burton, "First Observe, Then Serve," *Liahona,* Nov. 2012, 78, 80.
3. David L. Beck, "Your Sacred Duty to Minister," *Liahona,* May 2013, 56.
4. Lucy Meserve Smith, in *Daughters in My Kingdom: The History and Work of Relief Society* (2011), 36–37 .
5. George Albert Smith, in *Daughters in My Kingdom,* 77.

© 2014 by Intellectual Reserve, Inc. All rights reserved. Printed in USA. Isingisi esivunyelwe: 6/14. Ukuhumusha okuvunyiwe: 6/14. Ukuhumushwa ko *Visiting Teaching Message, June 2014.* Zulu. 10866 783